# Inkinga yokuswela amanzi iseyinselelo oThukela

**Thabile Nxumalo**

Umkhandlu womasipala wasoThukela ubika ukuthi amadamu nemifula okudonswa kuyo amanzi, asesele namanzi amancane ngendlela ethusayo.
Yingakho umphakathi waseMnambithi unxuswa ukuba wenze yonke imizamo ekhona ukonga amanzi size sidlule kulesisimo esinzima.
Abesimo seZulu eNingizimu Afrika (South African Weather Services) bahlambikisela ukuthi indawo yaseMnambithi imvula yokuqala iyoyithola phakathi kwenyanga ka-December 2016.
Njengendlela yokonga amanzi ekhaya umphakathi uyacelwa ukuba ulungise bonke ompompi abavuzayo uphinde ubike uma kunamanzi axhaxhazayo ngaphandle.
Umuntu ongavumelani noma ongalandeli lezizinhlelo zokonga amanzi engazithola esehlawuliswa ngenani lika-R2000, ngokomthetho sisekela woMkhandlu kamasipala wasoThukela (Section 57) Wezamanzi.
Ukuqhubeka ngokungalandeli lomthetho kungagcina kuholela ekufakweni kwemishini ekuvalela amanzi.
Umkhandlu uzovala amanzi ngezikhathi ezahlukene ukonga amanzi.
Uma kuba namanzi endlini ngalezizikhathi ungagcwalisa amabhakede, izigubhu kanye nemiphongolo ngamanzi.
Ukuqinisekisa ukonga amanzi umphakathi uyacelwa futhi ukuba uzame ukusebenzisa amanzi ngendlela eyongayo.
Umkhandlu ubeke lezizindlela ezilandelayo ukuba umphakathi uzame ukuzigwema kuze kube isimo samanzi siyashintsha:
-Ukunisela izingadi.
-Ukugcwalisa ama-swimming pools.
-Ukusebenzisa ama-sprinklers.
-Ukugeza imoto ngokusebenzisa ipayipi lamanzi.
-Amabhizinisi okugeza izimoto angekho emthethweni.



**Umfula uMnambithi ubukeka ushelwa ngamanzi ngenxa yokuntuleka kwezimvula OThukela namaphethelo.Umkhandlu usunxuse izakhamuzi ukuba zisebenzise Amanzi ngendlela efanele .**



**Abafundi baseWatersmeet Primary banikelelwe ngemifaniswano.**

## Banikelelwe ngemifaniswano abafundi basePhayikeni

**Mthokozisi Hlatshwayo**

Bandlulise ukubonga okukhulu othisha besikole sasePhayikeni i-Watersmeet Primary kwabakwa-Askhashnoza construction ngesikhathi benikezela ngemifaniswano yesikole zingu 13 June 2016.
Lenkampani inikezele abafundi abangamashumi amabili(20) okuwuphawu lokubuyisela emphakathini kwazise ukuthi lenkontileka yakha ibhuloho kulendawo.
Okhulumela i-Askhashnoza Construction uMandy Sekgapani uchaze wathi "Sinxusa abaphathi bamabhizinisi ukuthi bafake isandla ekusizeni abafundi abantulayo ezikoleni ngoba kuyabonakala ukuthi ziningi izingane ezidinga usizo." Eshaya ikhwelo kosomabhizinisi .
Uthisha nhloko kanye nabafundisi balujabulele loluxhaso kubafundi.


